Ngelethu! *Izwi* lizohola ukwakhiwa kweWASP

Siphila esikhathini sokuguqulwa kwezwe kanye nemizamo yokulwisa lezo zinguquko. Ukuwa ngobhici komnotho wobungxiwankulu emhlabeni jikelele, kusukela ngokukhumuzeka kwenqubomgomo yezimali zaseMelika ngonyaka ka-2008, kwavula isikhathi somlando omusha emhlabeni. Kulandelwa ukuwa kwemibuso yase-*USSR* neMpumalanga Yurobhu eyayiphansi kwesithunzi sika-Stalin ngasekuqaleni kweminyaka yo-1990, umbuso wobungxiwankulu walibamba ithuba elalingavinjelwe lutho lokukhombisa ubukhulu bawo. Imibuso yobuStalin yayingeyondlovu kayiphikiswa, kude kakhulu nobudlelandawonye (*socialism*) kodwa nokho yayikhombisa inqubekela phambili enkulukazi engaphumelela kulinganiswa nezinga lempilo yabasebenzi kusuka ohlelweni lwezomnotho. Kodwa kunesithembiso songxiwankulu sekusasa lomcebo nokuningi, namhlanje isigaba sabasebenzi somhlaba silokhu siqhubeka sihlupheka sizama ukuhlangabezana nezidingo zempilo, sibhekene nezinga eliphezulu lokungasebenzi, izimpi kanye nobushokobezi.

Ngeminyaka yo-1930, ngesikathi lapho umbuso wobungxiwankulu wawubhekene nezinga eliphezulu lezinkinga, uLeon Trotsky owayengumholi noLenin ekuguquleni kombuso kwango-1917 ezweni laseRashiya, wathi "ekuhlulekeni kwempulelo kwezizwe kwabangelwa yizinkinga zobuholi besigaba sabasebenzi". Kuliqiniso lokho nanamhlanje. Umphakathi kade usuwulungele umphakathi wobudlelandawonye. Imizabalazo yawonkewonke, yobuqhawe nokuzimisela okungalinganiswa neyanoma yinini isiqalile kuhle kwentabamlilo emazweni onke, isigaba sabasebenzi sifuna indlela yokuphuma kulo ngqingetshe esilethwe kuwo ngubungxiwankulu.

Kodwa izikhala zobuholi zigcwaliswe amaqembu ayizitha zesigaba sabasebenzi – awezinkolo nawobusizwe abuyisela izwe emuva kuhlanganisa nawazama ukulungisa kube ngcono kanye nalawo aphansi kwesithunzi sobuStalin amabili azama ukwenza buhle umbuso wobungxiwankulu. Ukhetho olukhona phambi kwesigaba sabasebenzi enkathini yethu luphakathi kubudlelandawonye nobulwane. I-*Democratic Socialist Movement* (iDSM) ikhethile: silwela ubudlelandawonye, nomphakathi obuswe ngokwezimfuno zesigaba sabasebenzi.

Sibhekene nemisebenzi emibili

IDSM wumbutho wokuguqulazwe osuselwe emibonweni kaKarl Marx noLeon Trotsky. Siyilunga le-*Committee for a Workers* International (iCWI) eliseNingizimu neAfrika. ICWI iyiqembu lomhlaba wonke jikelele elilwela ukuguqulwa kwezwe ngobudlelandawonye enamagatsha emazweni angaphezu kuka-45. Kubalulekile ukuthi senze ngakho konke okusemandleni ukuthi sakhe siphinde siqinise le nsika yezinguqulazwe.

Kodwa kuleli zinga lomzabalazo eNingizimu neAfrika, njengakwamanye amazwe amaningi, abagqugquzeli bokuguqulazwe babhekene nemisebenzi emibili. Hhayi kuphela ukuthi kufanele silwele ukwakha umbutho wokuguqulazwe njengeDSM kodwa kufanele siphinde sibe amashoshozela asiza ukuvela kabusha kwezinhlangano zoquqaba lwesigaba sabasebenzi ezizimele lapho kuzoqeqeshwa khona amaqabane aqinile alwela ukuguqulazwe.

Yilokhu kuqonda nokubona ukushintsha kwesimo emva kwesibhicongo sokubulawa kwabasebenzi eMarikana ngonyaka ka-2012 okwenza iDSM, ibambisene namakomidi esiteleka azimele abasebenzi basezimayini, iqale iqembu elibizwa nge-*Workers and Socialist Party* (iWASP). Kusukela ngonyaka ka-1996, lapho iANC yaphasisa inqubomgomo eyayaziwa nge-*GEAR* eyahlasela inhlalakahle, imisebenzi nezimfuno kwabasebenzi nabahluphekile, sasilokhu sisho ukuthi isigaba sabasebenzi saseNingizimu neAfrika kumele sizakhele umbutho omusha wezombusawe ozoqhubeka nokulwela ubudlelandawonye. Ukuhlubuka kwabasebenzi basezimayini kwiANC kwakuyinkomba yokuthi sekuyisikhathi sokuzalwa kweqembu labasebenzi.

> "...iphephandaba kufanele libe ngumholi wemibono yeqembu, osombulela amaqiniso esichasiselo esibonwa wukucabanga, nezimiso zezinhlelo zomzabalazo, amacebo mayelana nokwakha inhlangano kanye nemisebenzi evamile yombutho jikelele yazo zonke izikhathi."
>
> - uLenin

IWASP yasungulwa yizinhlaka ezizimele ukuhlanganisa imibutho ezoba isakhiwo senhlangano yoquqaba lwesigaba sabasebenzi, nokuqhakambisa ukuzimela kwabasebenzi ngokweqembu lezepolitiki.

Kwalandela ukuhlubuka kwamalunga e-NUMSA kwiANC, ukungqubuzana phakathi kwiCosatu selokhu kwadabuka ngokubakhona kwayo kohulumeni ongunxantathu, nokuvumbuka kweEFF nayo iphikisana neANC ngokwezobunxele. Konke kufakazela iqiniso lenhlaziyo yethu. Nakuba iWASP iseyiqembu elincane kodwa idlale indima ebalulekile yokubeka udaba lokusungulwa kweqembu labasebenzi ezithebeni.

Iphephandaba eligqugquzela ukuguqulazwe

IMarikana yabuza imibuzo elukhuni ngombuso weANC nesimo sesizwe. Kodwa ezingqondweni zabasebenzi nentsha umbuzo ophuthumayo uthi 'kumele senzeni manje'. *Izwi labasebenzi* linendima ebalulekile okumele liyidlale ukucacisa imibono nemisebenzi isigaba sabasebenzi sibhekene nayo. ULenin wachaza wathi "iphephandaba ... kufanele libe ngumholi wemibono yeqembu, osombulela amaqiniso esichasiselo esibonwa wukucabanga, nezimiso zezinhlelo zomzabalazo, amacebo mayelana nokwakha inhlangano kanye nemisebenzi evamile yombutho jikelele yazo zonke izikhathi."

Sizimisele ukuthuthukisa izinga lomkhiqizo we*Zwi labasebenzi,* elikhishwa yiDSM kusukela ngonyaka ka-1998, nokwenza *Izwi* libe uphiko lweWASP. Izi lizobe lisiza iWASP ekucaciseleni abasebenzi imibono yayo, ukwenza izinhlelo zayo, kanye nokufundisa isizukulwa esisha sabaholi bomzabalazo ngenqubomgomo yemibono e*Marxism*. Siyazemukela izethu zezincwadi, nemibono, sizovulela nesikhala sezimpikiswano lapho kudingeka khona ukugcwalisa umzabalazo ngokucaciseleka engqondweni.

Nangokwezenhlangano *Izwi* linendima ebalulekile okumele liyidlale. ULenin wachaza ukuthi "iphephandaba akusiyo kuphela umqoqi wokusakazwa komgomo nemibono kombutho kodwa futhi liqoqa ukwakha."Njengoba imibono kaMarx iphethe umhlahlandlela emzabalazweni, iphephandaba elisebenzela ukuguqalazwe kumele libe khona ukucacisa le mibono, liphinde liyihlanganise leyo mibono nemisebenzi ephuthumayo okumele yenziwe emzabalazweni, liphinde ligqugquzele ubumbano enhlanganweni eliyisebenzelayo. Ukwenezela, izwi elizimele, elivunela isigaba sabasebenzi ngesobala, libalulekile njengesibiba kulokhu kudideka okwenziwa amaphephandaba ongxiwankulu. Amanga ayesakazwa ngesikhathi sesiteleka sasezimayini, nesabasebenzi bensimbi ayizinkomba zokubaluleka kwezwi labasebenzi.

Sibiza bonke abavumelana nathi ukuthi sihlanganyele sonke kwi-*Zwi labasebenzi* njengephepha lethu, silifunde, sibhale izindaba ezilandelayo, siphinde sikubeke emahlombe ethu ukulidayisa, sibuye sibhebhethekise imibono nomgomo kwisigaba sabasebenzi esidinga zona zikhali njengoba sizilungiselela umzabalazo wokwakha umphakathi wobudle-

Izwi labasebenzi likhishwa ngphansi kobuholi besigungu se-*Democratic Socialist Movement*. Ukulihlela, ukubhala nokulibeka esimweni kwenziwa yikomidi lokuhlela elihlanganisa uWeizmann Hamilton, uLiv Shange, uMametlwe Sebei, uSheri Hamilton noShaun Arendse. Sithinthe ku-0813667375.

what we stand for:

★Imisebenzi nemiholo

1.Imisebenzi esezingeni kubo bonke – ukupheliswa ukusweleka kwemisebenzi ngokusungula izinhlelo ezinkulu eziwusizo emphakathini, imisebenzi eyisidingo esikhulu kufaka phakathi ukwakhiwa kwezindlu, imigwaqo, izikole kanye nezibhedlela; umzabalazo weholo lempiloelingo-R12 500 ngenyanga kubo bonke abaqhashwe ngokugcwele emsebenzini. Ukupheliswa kwabafunela abantu umsebenzi (labour broking) bese kuthi bonke abasebenzi abasebenza ngaphansi kwamakontileka baqhashwe ngokugcwele

2.Ukwehlisa amahora okusebenza abengu-30 ngeviki ngaphandle kokwehlisa imiholo, nokwabelana kwemisebenzi, ukulungisa isimo sokusweleka kweimsebenzi, ukwenza ngcono izinga lempilo nokwandalela ukuba umnotho ube ngaphansi kolawulo lwabasebenzi

3. Imali yesibonelelo engu-R8000 kubo bonke abangasebenzi, abadala, abakhubazekile kanye nabangomakadebona kwezomzabalazo

★Ukwethulwa kwezidingo

4. Izidingo ezanele zamahhala nezifinyelelekayo kubo bonke; ukuqeda ukucinyelwa nokuxoshwa ezindlini

5. Ukuqedwa kokusweleka kwezindlu ngokusebenzisa uhlelo lwemisebenzi yomphakathi ukwakha izindlu ezisezingeni kubo bonke abahlwempu, imigwaqo kanye nogesi wamahhala, owanele nofinyelelekayo, amanzi ahlanzekile nokuqoqwa kwendle kanye nokubhelelwa kwenhlalokahle yabo bonke.

6. Imfundo ekhokhelwa nguhulumeni esezingeni eliphezulu yamahhala kusukela emazingeni enkulisa kuze kubesemanyuvesi; ukusulwa kwezikoloto zabafundi kanye nokuqedwa kokuxoshwa kwabafundi ngenxa yokusweleka kwezimali nokuhlulwa okwezomfundo

7. Ukukhokhelwa komphakathi/ nguhulumeni ukuthola usizo olusezingeni eliphezulu lwamahhala nolufinyelelekayo lokunakekelwa ngokwezempilo kwabo bonke olusebenza ngaphansi kwemigomo yentando yeningi nokuzikhethela kwabaguli, imiphakathi kanye nabasebenzi bezempilo; ukufaka zonke izikhungo ezizimele zezempilo ngaphansi kombuso, kanye nabasebenza ngemishwayilensi nezinkampani zosomakhemisi

8. Uhlelo lwezokuthuthwa komphakathi oluhlanganisiwe ngamanani afinyelelekayo. Kuhlakazwe ama-e-tolls

9. Uhlelo lokusebenzisa kabusha izinto eziseteshenziwe oluncike ekudalekeni kwemisebenzi esekelekile neyisezingeni eliphezulu

★Umnotho

10. Ukubeka phansi kombuso amabhange, izimayini, amafamu amakhulu, izimboni ezinkulu kanye namabhizinisi amakhulu ngaphansi kohlelo lwentando yeningi lolawulo lwabasebenzi kanye nomphakathi

11. Umnotho wobudlelandawonye ophethwe wahlelwa wumphakathi ukuhlangabezana nezidingo zabantu bonke hhayi nenzuzo yongxiwankulu

★Umhlaba

12. Ukubeka phansi kombuso amafamu angu-36 000 alawula u-95% womhlaba wezolimo ngaphansi kohlelo lwentando yeningi lwabasebenzi kanye nomphakathi; ukweseka abanamafamu amancane nokwesulwa kwezikweletu zabo

13. Amakomidi omphakathi akhethwe ngowentando yeningi ukuze anqume ukusetshenziswa komhlaba ongatshalwanga lutho, ngaphandle kwalapho kuhlala umninindawo kanye noosomabhizinisi abancane

14. Ukuhlelwa kabusha ukuphehlwa kwamandla ezinto eziphinde zisetshenziswe; uhlelo lokushintsha izimboni ezingcolisa umoya nezolimo endleleni engangcolisi olunokuqeqesha nokuqinisekisa imisebenzi kubo bonke abasebenzi; kungasetshenziswa uketshezi onobungozi, amandla enuzi, noma atholakala ngokushiswa kwamalahle

★Ukulwela amalungelo

15. Ukupheliswa ukubandlulula ngokwebala ngokupheliswa kwesisekelo somnotho wongxiwankulu okuyimbangela yobandlululo. Ukunikezelwa kwamandla komnotho nombuso esigabeni sabasebenzi – iningi laso ngelimnyama – ngokubeka umnotho phansi kombusonangolawulo lwabasebenzi. Sithi cha nge-BEE okuwuhlelo lweANC lokuthuthukisa idlanzana longxiwankulu abamnyama

16. Umzabalazo obumbene ukulwisana nokuhlaselwa kwabokufika okuhambisana nobandlululo; izinyunyana kumele zigqugquzele ukuhlanganisa kwabasebenzi abangabokufika

17. Abesifazane nabesilisa balwe

Lokho esimele khona kuqhubeka ekhasini 12.